HILLCREST HIGH SCHOOL

UKUHLOLWA KUKANOVEMBA 2016

IBANGA LESISHAGALOLUNYE (GRADE 9)

ISIZULU ULIMI LOKWENGEZELELA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (PAPER II)

ADSPIRAT FORTUNA LABORI

ISIKHATHI: 2 AMAHR

AMAMAKI: 100

IMIYALELO:

- Funda LONKE iphepha ngaphambi kokuqala ukubhala.
- UNGAZIXOVI izinombolo zemibuzo, zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.
- Bhala umsebenzo OHLANZEKILE, ungaxikizi.
- QAPHELA ukuthi isikhathi usihlela kahle ukuze uqede ngesikhathi esifanele.
- Funda LONKE iphepha uma uqeda ukubhala.

OKUHLE KODWA MFUNDI!!!

IMIYALELO KUMFUNDI

FUNDISISA LONKE IPHEPHA NGAPHAMBI KOKUQALA UKUBHALA

QALA IKHASI ELISHA UMA UQALA ISIQEPHU.

1. ISIQEPHU A

   INOVELANA UKUBA......NGABE....S.Mchunu

   PHENDUNDULA KOKUBILI

   | | |
   |---|---|
   | Inovelana | 40 |
   | Inkondlo | 10 |

2. ISIQEPHU B

   KHETHA OKUKODWA LAPHA

   | | |
   |---|---|
   | Incwadi | 30 |
   | Ingxoxo | 30 |

3. ISIQEPHU C

   KHETHA OKUKODWA LAPHA

   | | |
   |---|---|
   | Isikhangisi | 20 |
   | Isimemo | 20 |
   | Iphosikhadi | 20 |

ISAMBA ESIPHELELE KUMELE KUBE AMAMAKI AYI-100

ISIQEPHU A

INOVELANA

UKUBA.........NGABE...... S.J.Mchunu

1. Fundisisa iziqeshana ezilandelayo bese uphendula imibuzo ebuziwe ngemisho EPHELELE.

**Ummeli wabona ngezinhlonzi nokuqumba kwemihlathi ukuthi le ndoda ayithukuthele nje iyabitoza, ngakho–ke akananaza ukuba ayeluleke ngokufanele. Waphinde wabuza ukuthi umfana usaphelelaphi nokufuna ukuyofundela ubummeli njengoba esefuna ukushada nje?"**

**"USipho ufuna ukushadelwa kuqala anduba ayofundela umsebenzi. Uyabuthanda ubummeli yena. Nami–ke bengifuna ukumlobolela ngiqede bese ngenza izinto zami ngingabe ngisaphazanyiswa yilutho ngemuva kwalokho."**

**Ummeli wasemvezela ukuthi uma emenzela yonke into umfana, akamniki udobo, umnika inhlanzi. Uyokumela yini ukuthi umfana ancike kuyena esenomuzi na? Uyokwenzenjani yena uma esefile na? Wathi akakhulise umfana wakhe ngendlela okuyona yona. Wabuyela emzini wakhe engenelisiwe nakancu.**

**Ngakusasa wanikela kumfundisi ethi uyofuna iseluleko. Hhawu! Wayesezithele kuManuthu. Ngemuva kokuyeneka indaba yakhe, umfundisi wakubeka ngokusobala ukuthi kungakuhle uma umfana eyofunda ukuze abe nesinkwa sakhe angeke asephucwa muntu. Wathi uma umfana emnika isitolo, uyobe uyamona, kodwa uma emnikela imfundo uyobe umenza indoda. Ikusasa lakhe liyoqhakaza.**

**Behlukane esebhocobele kabi uyise kaSipho. Amathe abuyela kwasifuba.**

1.1 Iyiphi le ndoda ekhombisa ukuthukuthela kulesi siqephu? (1)

1.2 Okabani lo mfana okubuzwa ukuthi waphelelaphi nokufuna ukufundela ubumeli.? (1)

1.3 Yini le eyenzekile eyenza le ndoda ithukuthele kangaka? (2)

1.4 Ummeli uchaza ukuthini uma ethi uMchunu umnika inhlanzi umfana wakhe esikhundleni sokuba amnike udobo? (2)

1.5 Ngokubona kwakho uSipho uyamsiza yini ubaba wakhe uma ethi akashade Kuqala engawufundele umsebenzi? Bhala amaphuzu amabili. (2)

1.5 Uma ucabanga uMchunu wayelindele ukuthi ummeli wakhe enzeni njengoba ayezombikela ngalolu daba lukaKhanyile. (2)

[10]

USipho wamyeka wabaleka wayongena emotweni wakhala iphepha.

Wasinda kanjalo–ke amaphoyisa amthatha amusa ekhaya. Unina waxakeka nje ukuthi ngabe amaphoyisa amthathaphi. Kwafanela ukuba amlandise ngakho konke okwenzekile, amaphoyisa avalelisa ahamba.

Ebusuku kwafika amakholwa asesontweni ngesikhathi zo–7 azokwenza inkonzo emnandi kakhulu. Iyokhumbuleka njalo le nkonzo. Umculo owawulapho kwakuwuju lwezinyosi. UNgwane wayesho aze acwenge ngetena yakhe. Umfundisi yena wadla nje ngeziyalo ezinhle ayemnika zona ethi umnika umphako wendlela, wathi: umzimba wami uyithempeli. Walichaza leli thempeli waze wayophumela nalo ngaphandle eligeza, elinonga ngamakha, eligqokisa kwanjeya.

Unina wentombazane wayekhala buthule eside isikhathi. Kodwa–ke kwathi ekugcineni wakhuleka wamnikela ezandleni zeNkosi wathi: Baba! Ngiyamnikela umntwana wami ezandleni zakho ezingehlulwa yilutho. Ukukhathazeka kwami sekuphelile. Ngiyomamukela futhi uma usumbuyisa. Hamba naye Baba.

Wajikela kuThoko wathi: "Hamba Thoko mntanami ungakhohlwa ukuzinikela kuMdali wakho. Ukhuleke noma nini uma ubhala noma ufunda. Umbonge. Umdumise. Uyokuhlahlamelisa. Uyokunika konke okufisayo. Elokugcina–ke mntanami: ihlonipha lapho ingayokwendela khona. Amen."

| | | |
|---|---|---|
| 2.1 | Ubani lo okuthiwa wasinda kanjalo? | (1) |
| 2.2 | Yini le okuthiwa wasinda kuyo uThoko? | (2) |
| 2.3 | Kwakungeyani inkonzo eyayilethwe amakholwa kwaKhanyile? | (2) |
| 2.4 | Umama wentombazane wayekhala ngoba wayengathandi ukuthi ingane yakhe yenzelwe inkonzo. Vuma noma uphike bese usekela impendulo yakho. | (3) |
| 2.5 | Yiziphi iziyalo EZIMBILI ezisemqoka umama kaThoko amnikeza zona umntanakhe ngalolu suku? | (2) |

[10]

3. "Uyangibona ukuthi senginjani? Sengimathambo, okudlula lokhu sekuwukufa nje kuphela. Uphi umcebo kababa? Ziphi izimoto zikanokusho manje na? Ngangithi ngiyazi kanti angazi lutho." Washo uSipho ngokukhulu ukuzisola lokhu.

Sekuthi oThoko bezihlalele nje, kufike umbiko wokuthi uSipho ushonile ubulawe yingculazi. Waphatheka kabi uThoko okwesikhashana, wabunga wazishaya isifuba ngesinqumo asithatha noThembani.

UThoko waye ngakhaliswa ukuthi uSipho, isoka lakhe lalishonile, qha. Wayekhaliswa uthando lwakhe. Okwakumkhalisa kakhulu ukuthi ufa nje kwakusaphele iminyaka emithathu nezinyanga eziyishumi kuphela emva kokuba ecele ukuba bashade naye, wenqaba. Okunye okwakumkhalisa ukuthi naye ngabe usefile ikakhulukazi ngoba wabulawe ingculazi. Lokho–ke, kuThoko kwavele kwamkhanyela kwathi bha ukuthi ngesikhathi ethi ucela bashade, wabe esenayo ingculazi." Zehle izinyembezi futhi kuThoko kube sengathi uyithola manje incwadi leyo.

UThoko ubikela uThembani ngale ndaba kaSipho.

"Mh! Mh! Mh! Yimbi le ndaba ongilandisa yona mngane wami. Nami bekuzongikhalisa kakhulu ukucabanga ngale ndaba. Akuyona indaba encane le. Uthini umama wakho yena? Kufanele ukuba usefile uvalo lokuthi nawe usunengculazi ikakhulukazi ngoba abafana bamanje bayathanda ukudonsa amantombazane, nawo akubona kuwukhasi ukudonswa abafana bengashadile nabo."

3.1 Iyiphi le ndaba ebikwa uThoko kuThembani? (2)

3.2 Yini eyayidala ukuthi umama kaThoko afe uvalo mayelana nale ndaba kaSipho? (2)

3.3 Ngesikhathi uThoko ethola umyalezo ngokushona kukaSipho wayesenza unyaka wesingaki eNyuvesi njengoba aphuma esikoleni waqala khona? (2)

3.4 Sibona ngani ukuthi uThoko akazisoli ngesinqumo abasithatha noThembani sokugcina ubuntombi babo baze bashade kulesi siqephu ? (2)

3.5 Yini eyefuna ukuyenza uSipho kuThoko ayibiza ngokuthi kwakuwukufuna ukumcekela phansi? (2)

[10]

4. Phendula imibuzo elapha ngenzansi ngokubhala igama ELILODWA KUPHELA.

4.1 Izingane ezincane ezazifundiswa umama kaThoko zazibizwa ngokuthi..........

4.2 Omunye wabafowabo bakaManyoba osewashona kwakungu.........

4.3 USipho wahamba nomngani wakhe baya enyangeni esendaweni yakwa......

4.4 ...........wathi uThoko akavume ukushada bese ecela kuSipho ukuyofunda.

4.5 USipho noThoko babezonikezwa.........esesigcemeni kwa-E eMlazi.

[5]

5. Qondanisa imibhalo ebhalwe ku-A naleyo ehambelana nayo ku-B. Bhala inombolo nophawu KUPHELA.
Isibonelo: 6.1 > (ii)

| A | B |
|---|---|
| 5.1 UManyoba wayefunda iphephandaba. | (i) UMaShozi |
| 5.2 Umama kaThoko uthi ubemhambisa ukuhlola ubuntombi. | (ii) Dr. V.T. Zulu |
| 5.3 Umama omisa umama kaThoko efuna ukumxoxela ngemikhuba kaSipho. | (iii) i-Whisky |
| 5.4 Ubaba kaSipho uthanda ukuphuza utshwala obubizwa ngokuthi. | (iv) eNtshangwa |
| 5.5 OwayewuNgqongqoshe wezeMfundo kwaZulu Natali olapha encwadini. | (v) Ilanga LaseNatali |
| | |

**[5]**

**[40]**

## ISIQEPHU B

1. Funda kahle inkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo ngendlela oyalelwe ngayo.

Uwuhlupho zidakamizwa ndini,
Umhlaba wonakele ngenxa yakho,
Umhlaba umagqumagquma ngawe,
Isizwe sibhukuda ezinyembezini,
Izintandane nezinkedama ziyalila
Ngenxa yemisebenzi yakho emibi.

Inkululeko siyetshisa nezibhidi,
Imuncu kuhle kwamanzi kalamula,
Ngenxa yokudungwa nguwe,
Silala obenyoni ebusuku,
Inkece iphelela konobhadula,
Ukuze siwadle anhlamvana.

Iphelile intsha yethu ngenxa yakho,
Ifile imfundo ezikoleni ngenxa yakho,
Izingane ziphenduka isidleke sakho,
Lapho wakhela khona, unethezeke,
Othisha baphenduka amaphoyisa,
Ngenxa yakho zidakamizwa ndini.

Sikhathele imisebenzi yakho emibi,
Sikhathele nguwe, uzitika ngabantabethu,
Izinyembezi zethu azinakuwela phansi,
Imithandazo yethu iyophendulwa ngomuso,
Ngalelo langa ayophela amahlathi okucasha,
Lapho selufikile usuku lokwahlulelwa.

1.1 Bhala usho ukuthi le nkondlo ikhuluma ngani? (1)

1.2 Yinikeze isihloko osithandayo esihambelana nayo le nkondlo. (1)

1.3 Umlobi usho maphi amagquma uma ethi, "Umhlaba umagqumgquma?" (2)

1.4 Bhala umusho lapho umlobi esebenzise khona ihaba esigabeni sokuqala. (1)

1.5 Esigabeni sesibili tomula umusho onesifaniso uwubhale phansi. (1)

1.6 Iyiphi imvumelwano sigcino etholakala esigabeni sesithathu kule nkondlo? Bhala amagama anemvumelwano sigcino kuphela ungabhali imisho. (1)

1.7 Uma ufunda le nkondlo uthola ukuthi umlobi uveza muphi umoya kuyo? Sekela impendulo yakho ngokucaphuna enkondlweni. (2)

1.8 Bhala amagama kuphela aveza imvumelwano siqalo kuphela esigabeni sesine. (1)

[10]

## ISIQEPHU C

2. Khetha isihloko **ESISODWA** kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso amagama anga -80 kuya kwayi – 100.

INCWADI

3.6 Umngani wakho bewumthembisile ukuthi uzobe ukhona kubo mhlazane abazali bakhe bemenzela umcimbi wokugubha ukuthola kwakhe iziqu zemfundo ephakeme. Sekufike umyalezo okutshela ukuthi umsebenzi obufake isicelo sawo uwutholile eZimbabwe. Loko kusho ukuthi ngeke usaphumelela ukubakhona emcimbini. Bhala **INCWADI** yokuxolisa kumngani wakho.

3.7 Bhalela umzali wakho **INCWADI** umazise ukuthi uhambe kahle futhi uyasithanda isikole akutholele sona. Chaza ukuthi yini ekwenza usithande.

[30]

NOMA

INGXOXO

3.8 Umama wenu uthole umsebenzi ozomenza angakwazi ukuhlala ekhaya unyaka wonke. Udadewenu omdala usezohamba ayofunda esikoleni okufundwa kuhlalwe kuso. Wena uzohamba uyohlala nogogo nomkhulu ngoba usemncane. Bhala **INGXOXO** yakho nomama wakho umcela ukuthi akacelele nodadewenu ukuthi nihlale naye kwagogo nomkhulu.

3.9 Kade kunomncintiswano wamakhono esikoleni sakho. Wena uphumelele phambili emculweni. Nithathwe inkampani yakwa-MTN obekuyiyona ebixhasa lo mncintiswano nina eniphumelele naya koqhudelana nabanye eKapa. Uphinde waphuma phambili nakhona eKapa. Bhala **INGXOXO** lapho uxoxela khona ugogo ukuthi bekunjani nokuthi uphumelele kanjani wena

[30]

NOMA

3.10 Umzala wakho ushonelwe ugogo wakhe. Ukucelile ukuthi umbhalele **UMLANDO** kamufi ozofundwa ngosuku lomngcwabo.

3.11 Ubaba wakwamakhelwane wakini obesebenza emkhumbini ushonele khona emanzini. Bhala **UMLANDO** kamufi ocelwe kwamakhelwane wakini ukuthi uwubhale ukuze ufundwe emngcwabweni.

[30]

ISIQEPHU D

4 Fundisisa izihloko ezilandelayo bese ukhetha **ESISODWA** ubhale ngaso amagama angama-60 kuya kwangama-80.

4.3 Uhambe nabazali bakho naya eholidini lamasonto amabili eMozambikhi. Bhalela ugogo **IPHOSIKHADI** umxoxele ngohambo nangendawo eniyivakashele.

[20]

NOMA

4.4 Sewuyekile ukusebenza lapho kade usebenza khona kodwa, kuningi okufundile mayelana nokuzivulela elakho ibhizinisi. Imali kade uyibeka ofuna ukuqala ngayo elakho ibhizinisi lokuthuthukisa nokugqamisa impilo yesintu. Bhala **ISIKHANGISO** sendawo ozoyivula yokulala edayisa ukudla kwesintu.

[20]

ISAMBULO 40 +10 + 50 = [100]